# UQOBO

Ngiyabonga, mfowethu. Ngiyabonga, Mfowethu Hoekstra.

Sanibonani kusihlwa, eHouston. Ngempela ngithatha lokhu njengenhlanhla enkulu, yokuba lapha futhi kulobubusuku eHouston. Sekuyiminyaka eminingi kusukela ngaba nenhlanhla yokuba lapha. Futhi bengihleli, ngilalele kulobubusuku lezi zikhulumi ngazinye.

2 Futhi ngelinye ilanga, lapho nginamalungiselelo enzelwe enye into ethize, enye indawo, futhi ngazi ukuthi labobantwana babebhekene nokufa, ngacabanga, "Uma kungenzeka okuthile kulabo bantwana, ngingeke ngazithethelela," ngokungezi lapha ukunikeza umbono wami nokwenza konke engingakwenza, ukusiza lomama nobaba, nalaba babantwana, nokwenza konke ebengingakwenza ukuba ngisindise izimpilo zabo.

3 Futhi iHouston ine. . .iyindawo eyisikhumbuzo kimi. Iphethe izinkumbulo eziningi engazijabulela selokhu ngaqala ukuhambela lapha iminyaka eminingi eyadlula, ngapha kwiHerald Of Faith, uMfowethu Kidson, bese kuthi ezansi lapha ehholo elikhulu ngenkathi ngangilapha noMfowethu Raymond Richey nabefundisi bedolobha.

4 Bese kuthi-ke, kusobala, uMnu. Ayers, uMnu. Kipperman, ubusuku lapho ikhamera yafakazela ukuthi ngangingasho lutho oluyiphutha. KwakuyiQiniso. Futhi lapho iso lokomshini lekhamera libamba umbono we. . .noma, hhayi umbono; iqiniso. UKristu esimshumayelayo futhi esimthanda kakhulu, wayenathi. Wethembisa ukuba nathi, nekhamera yathatha isithombe saKhe. Izikhathi eziningi ngishilo, ezikhathini ezedlule, ukuthi—ukuthi ngangibona lokho kuKhanya ngaso sonke isikhathi. Kodwa ngesinye isikhathi abantu babenokunqikaza kancane ngaKho, ongakholwa ukuthi bangaba ngaleyondlela, kodwa ngalobobusuku kwakufakazisa. Lokho kwakungokokuqala ukuba kuke Kuthathwe.

5 Kusukela ngaleso sikhathi, Kuthathwe izikhathi eziningana. EJalimane kamuva nje, kwehla, lapho ugcobo lwalukhona, futhi lapho Kubuyela emuva futhi. Futhi lezozinto azisizo ezokudumisa umuntu othize, kodwa ezokuqinisekisa uBukhona bukaJesu Kristu phakathi kwabantu baKhe.

6 Futhi sikholwa ukuthi leyoNkosi uJesu ofanayo ulapha kulobubusuku, ukusisiza kuloludaba. Futhi ngikholwa ukuthi Ukukhathalele kakhulu kunokuba singakukhathalela. Futhi ngizwelana impela nabazali balaba bantwana, futhi ngisondelene kakhulu nayoyonke indoda nowesifazane ozama ukubakhulula emihlathini yokufa.

7 Futhi, manje, ngiyaqonda ukuthi lona akusiwo umhlangano wemvuselelo, kodwa nje u—uchungechunge lwemihlangano yemikhuleko obanjelwe lemiphefumulo elele emathunzini okufa. Futhi ngakho ngileyithi. Angizukukhuluma isikhathi eside kakhulu.

8 Kodwa ngithanda ukudonsa indikimba, noma ingqikithi, njalo, endikimbeni engithanda ukuyifunda ezindaweni ezimbili emBhalweni. Futhi nina eninamaBhayibheli, uma ningaphenya nami okomzuzwana nje, encwadini yakwabaseFilipi, isahluko 1, nevesi 20 lesahluko 1 kwabaseFilipi.

> *Njengoku*lindela *nokwethemba kwami, ukuthi ayikho into engizakujabhiswa ngayo, kepha*. . .*ngesibindi sonke, njengasezikhathini zonke, namanje uKristu uyakwenziwa mkhulu emzimbeni wami, nokuba ku*. . . *kuphila, noma*. . .*ukufa*.

9 Bese kuthi-ke, futhi, eNcwadini yeZenzo, isahluko 2 nevesi 30. Ngingahle ngifunde kwe 25 kuya kwe 30.

> *Ngokuba uDavide* wakhuluma *ngaye,* ngokuba *ngayibona iNkosi phambi kwami njalo, ngokuba ingakwesokunene sami, ukuze ngingadyakaziswa:*
>
> *Ngalokho inhliziyo yami iyajabula, nolimi lwami luyethaba; ngisho nenyama yami iyakuhlala ngokwethemba:*
>
> *Ngokuba* angizu*kushiya umphefumulo wami ehayidese, futhi* angizu*kuvuma ONgcwele wakho abone ukubola*.
>
> U*ngazisa* indlela yo*kuphila;* u*yaku*n*gigcwalisa ngokujabula* ubuso *bakho*.
>
> *Madoda nabazalwane, ake ngikhulume* kini *ngokusobala ngokhokho uDavide, ukuthi wafa nokuthi wembelwa, nokuthi ithuna lakhe lisekhona kithi nanamuhla*.
>
> *Ngakho lokhu engumprofethi, ekwazi ukuthi uNkulunkulu wayefungile kuye ngesifungo, ukuthi enzalweni yokhalo lwakhe, ngokwenyama, uyakuvusa uKristu esihlalweni sakhe sobukhosi;*
>
> *Ebona kuse phambili wakhuluma ngokuvuka kukaKristu, ukuthi umphefumulo wakhe awushiywanga ehayidese, nenyama yakhe* ayibonanga *ukubola*.

10 Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele umkhuleko.

11 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngomusa. Futhi lokho kuyiqiniso, Nkosi, kungani silapha kulobubusuku, ngukuba sicele umusa. Besingeke sakucela lokhu ukuba

besingenalo ukholo lokukholwa ukuthi sizophiwa khona. Amadoda andize anqamula ezweni, nemikhuleko iyenyuka ndawo zonke, kuWe, ukuthi izimpilo zalaba esibanxusela ngobuqotho kulobubusuku zingasindiswa. Nkosi, sithanda ukucela amandla ngomama nobaba balaba bantu abasha.

12 Futhi njengoba siqonda, ukuthi, lensizwa iphendulele impilo yayo kuWe futhi ifuna ukukhonza Wena. Futhi njengoba sizwile esinye sezikhulumi sisho, ukuthi, ibifuna ukuba ngumfundisi weVangeli. Ngiyakhuleka Nkulunkulu ukuthi Uzopha lelithuba kumfo osemncane.

13 Sithethelele izono zethu, uhlanze izinhliziyo zethu emicabangweni emibi, nanoma yini eyoba sendleleni yethu engavimbela umkhuleko wethu ekuphendulelweni ngalaba bantu.

14 Njengoba sifunde iZwi laKho, siyazi ukuthi kokubili amazulu nomhlaba kodlula kepha iZwi laKho alisoze lehluleka. Sikhulekela ukuthi Uzokwengeza kithi, ngoMoya oNgcwele, ingqikithi ezothatha, ezoba yintando yaKho yaPhezulu kuloludaba manje, njengoba sesizwe ummeli nabaningi bekhuluma. Futhi sikhulekela ukuthi sizothola nje ukuthi yini esifanele siyenze ngokulandelayo. Yisiphi isinyathelo sethu esilandelayo ukuba sisenze na? Nkosi, silapha ukukwenza. Sazise khona, Nkosi, ngeZwi laKho. Ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

15 Ngifunda lamavesi ambalwa, futhi ngiyaqonda ukuthi umcimbi mkhulu kakhulu, ngoba ungokukhathalela. Bengingacabanga, ngenkathi ngizwa futhi ngathola itelegramu yalowomama, "Kungathiwani ukuba leyo bekuyindodana yami ihleli kulolohlu, noma indodakazi yami na?" Futhi ngi . . . Sifuna ukubeka konke esingakwazi kukho.

16 Khona-ke abanye bangahle bathi, "Awu, lokho bekuyingxenye encane kakhulu yeZwi, oyifundile, Mfowethu Branham." Awu, lokho kungahle kube yiqiniso, futhi. Kodwa, niyabo, akusibo u—ubukhulu, noma inani lamagama. Kuyilokho elikushoyo. Ku—nje ku . . . Okuyikho, yisethembiso sikaNkulunkulu.

17 Futhi ngifuna ukudonsa kulena kulobubusuku, kulendikimba kulobubusuku, noma indikimba evela kulokhu: *UQobo*.

18 Ngikhethe lendikimba, esikhashananeni esedlule, ngihleli ekamelweni lami lasehhotela labahamba ngezimoto, ngoba ngicabanga ukuthi manje sidinga okuthile okuhle, uqobo oluthize esingabambelela kulo futhi sazi ukuthi lolo luyiqiniso. Ehoreni elibucayi njengaleli, simele sibe nento ethize esineqiniso ngayo, kunjalo, into ethize esingabambelela kuyo, ukwazi noma, ukuthi udaba luhamba kanjani.

19 Manje, ngokuka—kaWebster, *uqobo* ngokwalo, "akunamkhawulo emandleni," kanti ngokokuqala ngo "okokugcina." Futhi *okukugcina* ngu "amen." Luqobo. Njengoba lokho oku . . . Leso yisiphetho. Lokho yikho konke.

20 Manje, yonke impumelelo ezuziwe enkulu eyake yaba semhlabeni, ibiboshelwe ohlobweni oluthile loqobo. Awukwazi ukwenza noma yini ngaphandle kokuba khona kwento ethize ongabambelela kuyo.

21 Uma insizwa izoshada intombi, ifanele isazi isimilo salentombi. Noma intombi ifanele yazi isimilo salensizwa, into ethize engabambelela kuyo. "Ngabe lendoda izoba yindoda elungile na? Ngabe izoba uhlobo olukahle lomyeni na?" "Ngabe lowesifazane uzonginika, empilweni, lokho e—engikulindele kuye, ukwethembeka nokunye nokunye na?" Khona-ke kuzoba ndawo ndawo ukuthi bangakwazi ububeka izifungo zabo—zabo phezu kwakho, bazi ukuthi kukhona okuzobamba. Futhi yingaleso sizathu sibaletha ebandleni, naseZwini likaNkulunkulu, ukuze bathole loluqobo luboshelwe.

22 Manje, uPawulu lapha, njengoba sibona, wayenoqobo ayebambelele kulo, yonke impilo yakhe, emva kwengxoxiswano yakhe, lokho kwakungukuthi: ukuphila okusekeleke kuKristu! Futhi indawo enje pho ukuba noqobo kuyo: ukuphila okusekeleke kuKristu! Kwakungukuphila okwehlukile kunalokho ayekuphilile ngesinye isikhathi, ngoba wathi, "Ukuphila engikuphila manje," okwakuhlukile kulokho ayekuphilile.

23 Futhi kufika isikhathi ukuthi uPawulu wayenalesisehlakalo esamlethela kulesisinqumo. Ngokuba, uPawulu wayengenkulu, indoda enamandla phakathi kwabaJuda, no—nosiyazi wezenkolo omkhulu, kodwa wayengaqinisekile kakhulu ngokuma kwakhe. Kodwa ngolunye usuku, esendleleni ehlela eDamaseku, ukuKhanya, iNsika yoMlilo, yehla ivela eZulwini. Futhi uPawulu, engumJuda, wayekujwayele lokhu kuKhanya, iNsika yoMlilo, kwakuyiNto ebeyi, uNkulunkulu owayeholele abantu bakhe wabakhipha eGibhithe. Babelandele leNsika yoMlilo. Ngakho, engumJuda, wathi kuYe, ngokushesha, "Nkosi, Ungubani Wena na?" WayeMazi njenge "Nkosi," kodwa, "Ungubani Wena na?"

24 Futhi iPhimbo laphendula livela eNsikeni yoMlilo, "NginguJesu, futhi kunzima kuwe ukukhahlela ameva." Kusukela ngaleso sikhathi kuqhubeke, uPawulu wayazi ukuthi uJehova weTestamente eliDala wayenguJesu weLisha. Futhi wayenento ethize ayengabambelela kuyo, futhi yileyondlela akwazi ngayo ukuloba leyo ncwadi enkulu yamaHeberu.

25 Manje, uma wena, uma empilweni yakho unoqobo, wenza izinto ngokujwayelekile obungeke uzenze, ikakhulukazi uma unempilo esekeleke kuNkulunkulu. Impilo esekeleke

kuNkulunkulu yenza umuntu enze izinto ngokujwayelekile abengeke azenze; okungavamile kakhulu, eyinqaba. Kungani impilo yobuKristu ingavamile kakhulu futhi iyinqaba na? Kungenxa yokuthi babheke eZwini likaNkulunkulu, cishe okungaziwa ezweni namuhla.

26 Manje, sinamabandla, futhi sinezinhlangano, futhi sinenkolo, o, okuningi kwakho, emhlabeni jikelele.

27 Ezikhathi zami eziyisikhombisa ngizungeza, kusukela ngaba lapha nani eHouston, nginqwabele ulwazi oluningi ngonkulunkulu nezinkolo zalelizwe. Kodwa lokho akukhona engikhuluma ngakho.

28 Ngikhuluma ngoqobo, oluxhunywe noKristu. Khona-ke, lukwenza ube ngu—ngumuntu ongajwayelekile. Wenza izinto ezingajwayelekile. Ukucabanga kwakho kwehluke ngokuphelele kunokucabanga owake wakwenza, ngoba usuthole okuthize, ukuthi ugxilise okwehange ukukholwa kuMuntu othile owadala amazulu nomhlaba. Ukuthi, lona kanye iZwi laKhe qobo lwaLo liyadala, uNkulunkulu Owakhuluma umhlaba waba khona, futhi akukho okuMehlulayo. Ngakho-ke kukwenza ube nokudala, wena uqobo, ngoba uthatha amaZwi aKhe. Futhi izwi lingumcabango oveziweyo.

29 Manje, uPawulu wayengene kuleso simo, kufike lapho ukuthi waye—wayengenaso isehlakalo sesayense yezenkolo, ngakho konke, kodwa wayenobufakazi ngaye siqu. Wayehlangabezane noNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi wayebizwe nguNkulunkulu. Futhi—futhi akekho owayengamtshela noma yini ngakho. Wayeqiniseke ngokuphelele ukuthi uNkulunkulu uselokhu enguNkulunkulu. Uma izwe belingenza lokho nje.

30 Futhi uma leliqembu kulobubusuku, elihlezi lapha, lingakhumbula nje ukuthi uNkulunkulu usenguNkulunkulu. Uyakwazi nje ukuphendula kuloludaba njengoba Enjalo odabeni lokuphulukisa ngokukaNkulunkulu noma yini enye. UsenguNkulunkulu. Futhi uma singakha amathemba ethu, hhayi amathemba ethu nje kuphela, kodwa u—umqondo oyiwo, kulokho Akushoyo. Futhi siyazi ukuthi LiyiQiniso.

31 Futhi abantu benza ngokuxakayo. Babonakala sengathi bayakhohlwa nje ngohlangothi olubi ngoba bathole uqobo, ngoba yiZwi likaNkulunkulu. UJesu wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka." Ngakho uma sineZwi lesithembiso, khona-ke akukho ukwehluleka kuLo. Lingeke lehluleka.

32 Ngakho ngi—ngikholwa ukuthi yilokho imihlangano yemikhuleko lapha, a—abantu bezenkolo baseHouston, bakhathalele e, izimpilo zabantu. Futhi yilokho esikubuthanele lapha, nguku—ngukubiza amandla angaphezu kwayo yonke imithetho eyenziwe ngumuntu namandla, into ethize

Engaguqula izinhliziyo zamadoda, njengoba Enza uFaro eGibhithe. Futhi U—UnguNkulunkulu. Futhi sifanele sime manje sibheke o—ohlangothi olubi, bese siye ukubuka ohlangothini oluhle.

33 Futhi ngaphambi kokuba ube nokukholwa, ufanele ube nento ethize okholelwa kuyo. Futhi yini enye ongathemba ukukholwa kuyo kunalokho iZwi likaNkulunkulu ophilayo lingenza, okudaliwe, amandla kaMninimandla onke na? Yini enye esingabeka amathemba ethu kuyo na? Ngakho-ke kukwenza ubukeke uhlukile, wenze ngokuhlukile. Ubheke uNkulunkulu ukuba afeze isithembiso saKhe. Futhi lapho kuvuka ubunzima, njengalokhu sinakho manje, Kuyihange. Kuyinto ethize e—ekubambayo, into ethize oboshelwe kuyo. Kuyisethembiso ebesiboshelwe kuso, iZwi likaNkulunkulu liyiso.

34 Njengoba ihange liwuqobo emkhunjini, ngesikhathi sesivunguvungu. Umkhumbi ungahle ukuba uhamba olwandle. Ihange lingaphandle ngaphambili. Li. . . Uyaphumula. Nina bantu lapha eHouston, oseduze kakhulu nolwandle, nibona imikhumbi ingena.

35 Futhi kungani uthwele lesisisindo eseqile salelihange elikhulu elinamandla na? Kodwa, niyabo, lapho kufika iziphepho, i—izivunguvungu ezidlangayo ezidabula ulwandle, futhi zingaphonsa umkhumbi osebeni ndawo ndawo, futhi ziwuhlakaze, noma ziwugumbuqele emanzini angashoni; uphuma ungene emanzini ajulile, futhi wehlise leli elikhulu, ihange elikhulukazi, elilungiswe kakhulu ukuba lizodonseka kwingaphansi kolwandle lize lihhuke esicongweni sentaba engabonwayo. Khona-ke vumela lezo zivunguvungu zidlange uma zifuna; unoqobo. Ihange libamba endaweni ethize ngaphesheya, kodwa li—liqinile. Futhi njengomkhumbi namagagasi egxuma ezungeza umkhumbi, unoqobo, ngoba uboshiwe.

36 Futhi leyo yindlela ukuthi umuntu angayo lapho eboshelwe khona kuKristu naseZwini laKhe, futhi akholwe yiLo. Kunoqobo lapho, into ethize embambayo.

37 Uqobo lufana nenkanyezi yasenyakatho lapho ulahlekile. Uma u—Uma ulahlekelwe yizindlela zakho, futhi ufuna ukuthola indlela yakho eya emuva, inkanyezi yasenyakatho iwuqobo. Manje, kunezinye izinkanyezi, kodwa ziphenduka nomhlaba. Njengoba umhlaba uphenduka ngakuzo, i. . . uphenduka uqhele kuzo. Futhi i. . . Niyazi, inkanyezi yokusa efanayo iyinkanyezi yokuhlwa futhi, ngoba izwe liphendukile nje. Kodwa kukhona inkanyezi eyodwa enganyakazi, futhi ime ngqo maphakathi nomhlaba. Futhi ngakho-ke i. . . Yi—yinkanyezi eqinisekile. Uma wazi inkanyezi yasenyakatho, ungahlala uyithola indlela yakho nxazonke. Kodwa, o, yilapho uma umuntu elahlekile

khona, futhi engazi ukuthi iyiphi nje indlela afanele ahambe ngayo.

38 Manje, ngazi iNkanyezi. O, ingaphezulu kwenkanyezi yasenyakatho. Futhi ukuboshelwa futhi ubone uBukhona baKhe, kungakhathaleki ukuthi ulahleke kanjani noma ukuphi, ungathola indlela yakho ebuyela emuva ngokuhola kwaKhe, lelo yiZwi laKhe. Yindlela yokuphuma kuzo zonke izinkathazo. Yindlela eya ekuthuleni. Yindlela eya empumelelweni. Yindlela eya ekuPhileni, ngokwayo, ngukulandela leNkanyezi, iNkosi uJesu. Futhi manje, uma uboshelwe kuleyoNkanyezi, uMoya oNgcwele uyiNkombandlela eyokhomba kuphela eNkanyezini. ONgcwele . . .

39 Inkombandlela, ibanjwe ngomazibuthe kulowomkhawulo wasenyakatho. Futhi indlela okuyiyona kuphela, kungakhathaleki ukuthi ungakanani umeno okuwo, noma ukuthi ajule kangakanani amahlathi aminyene akuzungezile, noma ukuthi kunenkungu engakanani olwandle, lesosandla senkombandlela, ungasijikisa kunoma iyiphi indlela oyifunayo, futhi iyozungeleza emuva ngqo bese ikhomba enkanyezini yasenyakatho.

40 Futhi uma sisenkathazweni, futhi sithemba uKristu, kunento eyodwa eqinisekile: uMoya oNgcwele uzosikhomba eZwini elizosiqondisa eNkanyezini yaseNyakatho, nokuletha konke esikudingayo. UluQobo lwethu.

41 Kumuntu olahlekile ehlane, inkombandlela iyinto emqondisa kwingaphandle. Uma sisenkathazweni, kunento eyodwa kuphela; iqinisile njengenkanyezi yasenyakatho. Inqobo nje uma izwe lime endaweni yalo, futhi liphendupheduka, inkanyezi yasenyakatho iyohlala endaweni yayo.

42 Futhi kade njengoba kukhona iPhakade, uKristu uyohlale enguMsindisi, futhi nendlela yokuphuma kuzo zonke izinkinga, yonke imehluko, zonke izivivinyo, konke. Futhi ngakhoke thina—thina, uma siboshelwe kuYe, asixakaniseki futhi singahlaliseki njengoba kwenza izwe, "Futhi, o, sizokwenzani nga*lokhu* na? Sizokwenzenjani nga*lokho* na?" Sibonakala sengathi asigxilisiwe okwehange ngisho. Kodwa umuntu ogxilise okwehange umphefumulo wakhe kuKristu uJesu, ithemba lakhe lapho, azi ukuthi lapho acela uYise noma yini eGameni laKhe, "uJesu wathi, 'Ngizokwenza.'" Lokho kuyakuxazulula.

43 Lokho—lokho kuyakuxazulula. Ngu amen. Luqobo. Ngokokugcina. Ngenkathi uJesu ethi, "Cela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngizokupha khona." Manje, lokho ngokokugcina. Yilokho kuphela. "Noma yini oyidingayo, uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwamukela, uyakuba nakho." Lokho kuyakuxazulula. Yikho konke ngakho, niyabo, uma sigxiliswe okwehange ngempela futhi siLikholwa, futhi siMenze uQobo

lwethu. Isizathu, Uyakwenza. UluQobo olusisusa kukho konke ukwesaba. Akukho kwesaba uma uboshelwe ngempela eDwaleni lemiNyaka.

44 Akukho ukwesaba kohamba ngomkhumbi, ukuthi umkhumbi ushaywa kanjani ngamaza, inqobo nje uma lelohange libambelele phezu kwentaba ngapheseya. Ngani, impela. Uyazi ukuthi umkhumbi uzoma. Awuzukushayisana namadwala ndawana thize. Ngeke ungene emanzini angashoni bese ugumbuqeka, ngoba unoqobo lugxiliswe okwehange phezu kwenye intaba.

45 Futhi lapho umuntu engakhuleka umkhuleko wokukholwa, futhi agxilise umphefumulo wakhe okwehange ngapheseya eZwini likaNkulunkulu, lapho, "kodlula onke amazulu nomhlaba, kepha leloZwi lingeke," akukho ukwesaba. Mabeze, basho noma yini abafuna ukuyisho. Ukholo lwethu lukuNkulunkulu, uNkulunkulu yedwa. Siyakukholwa.

46 Kwakunesikhathi ukuthi lapho indlela yokuziphatha etafuleni yalesisizwe yayilele phezu kwezwi lowesifazane. Ngikholwa ukuthi igama lakhe lalingu-Emily Post. Manje, wayewuqobo endleleni yokuziphatha etafuleni. Uma u-Emily Post ethe, "Thatha bese udla ubhontshisi wakho ngommese wakho," kwakuyilokho. Kwakuyilokho, ngoba wayewuqobo endleleni yokuziphatha etafuleni. Uma ethe, "Phuza ikhofi lakho ngaphandle kwesoso lakho, bese ulidla njengoba wenzile," akunandaba ukuthi kuzwakala kungubudlabha kanjani, kwakuselokhu kuwuqobo. Wonke umuntu wakhothama kukho ngoba bamthathe ukuba abe wuqobo endleleni yokuziphatha etafuleni.

47 Sifanele sibe noqobo kungakhathaleki ukuthi senzani. Uma siyoke sizuze ngempumelelo noma yini, sifanele sibe noqobo.

48 Kwakunesikhathi lapho izwi likaHitler laliwuqobo eJalimane. Kungakhathaleki ukuthi omunye wathini, izwi likaHitler laliluqobo. Uma ethe, "Abafe," bayafa. Uma ethe, "Abaphile," bayaphila. Futhi uma ethe, "Asiye empini," noma, "Asiyi empini," noma ngabe yini esiyenzayo, izwi lakhe laliwuqobo.

49 Kwakunesikhathi ukuthi lapho iItaly yayinoqobo. Lolo kwakuyizwi londlovukayiphikisa wabo, uMussolini, lokho ayethe akwenziwe. Bathi umshayeli wakhe washayela wanyuka, umzuzu owodwa ngaphambi kwesikhathi, ukuba amthathe. Wamdubula. Ngani na? Wathi, "Angifuni ubelapha ngomzuzu owodwa ngaphambi kwesikhathi. Ngifuna ubelapha ngesikhathi ngqo, isikhathi ncamashi." Niyabo? Izwi lakhe laliwuqobo. Yonke iItaly yakhothama kulo.

50 Kwakunesikhathi lapho uFaro, eGibithe, wayewuqobo. Kodwa ubona . . .

51 Kodwa zonke lezi zinqumo abazenzayo zayisinqumo esenziwe ngumuntu, futhi zonke zawa. Ngani na? Ngenxa yokuthi zazingahambisani nomuntu . . . Zazingahambisani neZwi likaNkulunkulu ngokuphila komuntu. Ngifuna lokho, ngiyethemba, ukugxilisa okwehange. Uma silindela ukusindisa impilo yomuntu, sifanele size ngokuhambisa ngeZwi likaNkulunkulu necebo likaNkulunkulu ngempilo yomuntu. Futhi indlela kuphela ozothola ngayo lokhu, kungukuthola eZwini laKhe, futhi ukukholwe, manje.

52 Ngakho, laboFaro. NgangiseGibhithe kungekudala, futhi ngicabanga ukuthi babedingeka bambe amafidi angamashumi amabili phansi emhlabathini, ukuthola i—indawo lapho uFaro ayehlezi khona njengenkosi yomhlaba.

53 NoHerodi bakhulu, nokunye nokunye, bedlula ezansi ngomugqa, sibona lapho imibuso yabo iwile futhi ungasekho.

54 Kodwa kunoMbuso owodwa ongaphezu kwayo yonke imibuso. Uphakeme kakhulu emazulwini kuze kuba ungasoze wedlula. Futhi Nakho kuhleli iNkosi, ukuthi, uma Enza isinqumo saKhe kunoma yini, futhi sikholwa yileso sinqumo, lolo wuqobo. Kuzoba ngaleyondlela kungakhathaleki ukuthi omunye umuntu uthini ngakho. Kuhlale kunjalo.

55 Manje, iNkantolo yethu ePhakeme. INkantolo yethu ePhakeme, lu—luqobo, isiphetho sazo zonke izivivinyo. Manje, sifanele sibe nakho. Ngesinye isikhathi singahle singavumelani nesinqumo sayo. Njengoba, bengavumelananga nesikaHitler, nokunye nokunye. Kodwa nokho sifanele sibe naloluqobo. Noqobo lwesizwe namacala iNkantolo ePhakeme. Izinkantolo zethu zendawo zingathetha icala lanoma yini futhi zibike *lokhu*, kodwa iNkantolo ePhakeme ilawula phezu kwakho konke. Sifanele sibe nalo. Njengesizwe, sifanele sibe nesinqumo sayo, ngoba isizwe siboshelwe kuloluqobo lweNkantolo ePhakeme. Kunjalo.

Konke kufanele kube noqobo.

56 Benazi yini ukuthi umdlalo webhola ojwayelekile ufanele ube noqobo na? Yebo. Luyini uqobo lomdlalo webhola na? Unompempe. Kuthiwani ukuba ubengekho unompempe, niyabo, unompempe na? Kungakhathaleki ukuthi ume kuphi, ubheke kuyiphi indawo futhi uthi, "Kwakuyibhola," futhi wathi, "Bekuyigoli," awu, yilokho okwakuyikho, kwakuligoli. Ngani na? Ngoba, izwi lakhe, kungakhathaleki ukuthi ababukeli batheni, okushiwo ngomunye umuntu. Yigoli ngoba ulibize ngegoli, futhi ungunompempe. Manje, kuthiwani ukuba bekungekho nompempe na? Bekuyoba nokuqophisana okukhulu, nayo yonke into isenxushunxushwini, uze ungakwazi ukuba nomdlalo webhola. Ngakho-ke, ufanele ube noqobo, ukuba ube nomdlalo webhola. Kufanele kube ngaleyondlela.

57 Manje, kufanele kube noqobo, esibanini somgwaqo. Isibani somgwaqo siluqobo, njalo, ekuhambeni kwezimoto. Kuthiwani ukuba bekungekho zibani zomqwaqo na? Noma kuthiwani ukuba izibani zomgwaqo bezicishile, futhi ugijima wehla ngomgwaqo na? Futhi omunye umfo ubeza *ngale* ndlela, futhi wathi, "Manje, ngibe lapha kuqala. Ngifanele ngidlule lapho." Futhi wathi, "Ngileyithi emsebenzini." Ukhuluma ngesiminyaminya sokuhamba kwezimoto, ubuzoba naso ngempela. Kodwa, niyabo, izibani zomgwaqo ziyakuxazulula. Luqobo. Uma isibani siluhlaza satshani, hamba. Uma sibomvu, yima. Uma kungekhonto enjenge—ngizibani zomgwaqo, khona-ke besiyoba neziminyaminya zokuhamba kwezimoto.

58 Futhi yileyo indaba ekukholweni kwamaKristu namuhla. Sineziminyaminya eziningi kakhulu zokuhamba kwezimoto, wonke umuntu enza uqobo lwabo.

59 Lapho, sinoQobo olulodwa, futhi lelo yiZwi likaNkulunkulu ophilayo. Lokho kukuxazulula inguna phakade, kungakhathaleki ukuthi omunye umuntu uthini.

60 Sekufike cishe endaweni njengoba kwakunjalo ezinsukwini zaBahluleli, wonke umuntu unoqobo lwakhe. Kodwa lonke luyehluleka, njengoFaro nokunye nokunye.

61 Kodwa uqobo lukaNkulunkulu yiZwi laKhe. Usipha Lona, "Futhi kodlula amazulu nomhlaba, kepha Alisoze ledlula." Ngiyakuthanda lokho.

62 Manje, asinaso isikhathi esiningi, ngakho nje asibuke imizuzwana embalwa kubantu abambalwa abangena esibhicongweni, futhi ngezikhathi lapho ukufa kwakuseduze, njengoba simile kulobubusuku, futhi bathatha uqobo. Ake sixoxisane nabanye babo.

63 Masibuyele endatshaneni endala ejwayelekile kithi sonke, ezinsukwini lapho isono sase siqongile sangena ezweni kwaze kube yilapho uNkulunkulu egula khona futhi ediniwe yiso, nezwe lalizobhujiswa. Futhi uNkulunkulu wanika uNowa uqobo, lolo kwakuyiZwi laKhe. Futhi, kungakhathaleki, ukuthi uqobo lwalungolokusindiswa kwabantu. UNowa wayazi ukuthi izwe lalizofa. Futhi uNkulunkulu wamnika uqobo, futhi lolo kwakuyiZwi laKhe, manje, ukusindisa abantu baKhe ekufeni. Manje, lwaluyini uqobo, lokusindisa abantu ekufeni esikhathini sikaNowa na? LwaluyiZwi likaNkulunkulu. Lolo kwakuluqobo, kungakhathaleki ukuthi omunye wathini.

64 Lokho isayensi eyakusho, "Ayikho imvula phezulu lapho. Singadubula enyangeni ngamathuluzi ethu. Akukho mvula lapho. Imvula izokwehla kanjani na?" Uma uNkulunkulu ethe kuyobakhona ukuna kwemvula, uNkulunkulu angabeka imvula esibhakabhakeni, uma Asho njalo.

65 UNowa wahamba ngqo ngebhizinisi lakhe, ekhululekile, futhi elungiselela umkhumbi wokusindisa abantu. Ngokuba,

kwakunoqobo olunikezwe abantu, ukuthi bayosindiswa uma bethathe indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yaloluqobo.

66 Ngakho-ke, ngemva, ngezinye izikhathi, uma sesemukele uqobo . . . Ngingathanda ukusho lokhu ngenxa yabazali balaba bantwana, kwengifuna ukunitshela khona emzuzwaneni nje. Manje, uma . . .

67 Ngezinye izikhathi, lapho sesikwemukele, sifakwa ekuvivinyweni, ukuze sibone uma siKukholwa ngempela. Thina—thina . . . UNkulunkulu ngokuvamile wenza lokho. Futhi uNkulunkulu usebenza . . .

68 Angeluguqule uhlelo lwaKhe, ngoba iZwi laKhe linguYe uqobo. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu. Onguye izolo, namuhla, naphakade." Ngakho, njalo uNkulunkulu.

69 Lapho Ebizwa esigcawini, ukuba esebenze, nesinqumo Asenzayo, Umele ahlale njalo nalesosinqumo. Angesiguqule, ngoba Ungongenasiphelo.

70 Manje, ngingasiguqula isinqumo sami, ungasiguqula, ngoba sinesiphelo. Ngakho-ke, senza amaphutha.

71 Kodwa uNkulunkulu angesiguqule isinqumo saKhe, ngoba Ungongenasiphelo, nesinqumo saKhe—saKhe siphelele, njalo. Angeke athi, "Ngenza iphutha *lapha*, futhi Ngizoguqula isinqumo saMi," ngoba lokho bekungabonisa ukuthi uNkulunkulu angaguquka. Futhi uNkulunkulu angeguquke, neZwi laKhe lingeguquke. Unguye, njalo.

72 Ngakho-ke, uNkulunkulu wanika uNowa isivivinyo, emva kokwemukela uqobo lwaKhe. UNowa wangena emkhunjini. UNkulunkulu wavala umnyango ngemva kwakhe. Akungabazeki ukuthi bathi, "Manje, ekuseni, kuzoba namafu amnyama. Futhi kuyoba nokuduma nombani, nezimvula ziyokuna." Kodwa, niyazi, ngosuku olulandelayo, ilanga liphuma njengoba belihlale likhanya.

73 Ngiyacabanga, amakholwa athiyeka emnceleni athi, "Sizokhuphuka. Ikhehla kungenzeka ukuthi beliqinisile ngalokho. Ngakho-ke, mhlawumbe isayensi ibinephutha, ukuthi ku—kungabakhona imvula phezulu lapho." Kodwa, khumbulani, lalingakaze line.

74 Kodwa, manje-ke, usuku lwesibili, ilanga lalikhanya njengalokhu belihlala linjalo; olwesithathu, olwesine, olwesihlanu, olwesithupha, ngisho nosuku lwesikhombisa. Kodwa uNowa wayekhuphukele ekamelweni eliphezulu, ukuze akwazi ukubuka izibhakabhaka. Futhi ngalokho kusa kwesikhombisa, ngenkathi lapho kufika isikhathi, lapho abantu babenqabe indlela kaNkulunkulu yensindiso eluqobo, yokusindisa izimpilo zabantu, izimvula ziqala ukuna

nezitamkoko zagcwala. Ne—isikebhe saqala ukuphakama, futhi sathatha uNowa nabo ukuba baye ekuvikelekeni. Ngokuqinisekile, ngoba babethembele eZwini likaNkulunkulu, uqobo, iZwi likaNkulunkulu lesethembiso.

75 Kungakhathaleki ukuthi kubonakala kukubi kanjani, nokuthi kuba mnyama kanjani, yiba ulokhu ukholwa uqobo lwakho.

76 UMose, ngani, eyakhe, wayezame ukusindisa impilo yalawomaHeberu ampofu. Futhi babecishe babebabi kakhulu, noma babe babi kakhulu nje, njengalaba bantwana ababili bayilabo esizama ukubasindisa kulobubusuku. Babeyizigqila, futhi bababulala lapha nalaphaya, noma nini lapho babefuna khona. NoMose wazizwela enhliziyweni yakhe ukuthi lokho kwakungeyona i—intando kaNkulunkulu. Ngakho-ke, wa—wazama ukukwenza ngemfundo. Wazama ukukwenza ngemizamo okungeyakhe uqobo, futhi wathola ukuthi wahluleka isiqothu. Wenza okuthile qobo lwakhe okwakungalungile, ngoba wathatha impilo yomunye umuntu. Futhi lokho kwakungalungile.

77 Khona-ke, wangena ehlane futhi wayelapho iminyaka engamashumi amane. Kodwa, ngolunye usuku, wayeluse izimvu ngasemuva kwehlane, futhi kwaba nokuKhanya esihlahleni. Futhi ngenkathi uMose esondela kulokhu kuKhanya, iPhimbo likaNkulunkulu lakhuluma kuye livela kuleNsika yoMlilo ehleli emuva kulesisihlahla, lase lithi, “Mose. Mose.”

Futhi wathi, “Nangu mina, Nkosi.”

78 Wayesethi, “Khumula izimbadada zakho, ngokuba umhlabathi omi kuwo ungcwele. Ngikuzwile ukububula kwabantu baMi. Ngiwuzwile umhlangano wabo womkhuleko. Ngikhumbulile ukuthi Ngabenzela isethembiso.” He, uma lokho bekungefanele kokhele izinhliziyo zamakholwa angamaKristu kulobubusuku! “NginguNkulunkulu. Ngiyakhumbula Ngakwethembisa.” LeloPhimbo lalingokomBhalo kanjani pho! Futhi Wathi, “Mose, Ngikuthumela ezansi lapho ukuba ubakhulule.” Futhi uMose . . .

79 Kusobala, njengoba ngasho ekuqaleni, lapho uthatha loloqobo lukaNkulunkulu, lukwenza wenze izinto ukuthi, awu, ngezinye izikhathi ezihlekisayo, emehlweni abantu. Ungacabanga, indoda ukuthi eyayibalekele abaseGibithe, ngokusa okulandelayo, emuva kokubona loluqobo . . .

80 LeliZwi likaNkulunkulu lakhuluma kuyo ubufakazi obuhle, ngoba laliyiZwi. Isethembiso sasilapho, nokuqinisekiswa kukaNkulunkulu omkhulu wendalo, ukuthi Wasenza kanjani isimangaliso e—ebukhoneni bukaMose, futhi wabonisa ukuthi WayenguNkulunkulu wendalo.

81 Futhi uMose, ngokusa okulandelayo, wathatha umkakhe wamhlalisa emnyuzini, no—nomntwana enqulwini yakhe.

Futhi eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ubuhwanqa bulengela okhalweni lwakhe, ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, ephethe induku egwegwile esandleni sakhe, ehlela eGibhithe, ememeza kakhulu ngakho konke.

"Uyaphi, Mose na?"

"Ngehlela eGibhithe, ukuyolidla."

"Ukuyolidla?"

82 Ukuhlasela kwendoda eyodwa! Ngani na? Wayenoqobo. Wayenento ethize. WayeneZwi likaNkulunkulu, wayengama aqhubeke. Indoda eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, nomnyuzi, nenduku esandleni sayo. Yilokho kuphela ayenakho. Njengokuhlasela kwendoda eyodwa iya eRashiya, namhlanje. Kodwa wehlela ezansi futhi walidla, ngoba wayenoqobo. Wayekhulume noNkulunkulu. Wayezwe iZwi likaNkulunkulu. Futhi yena . . . Into yakho yayingukuthi, wakwenza. Kunjalo. Ngani na? Loyo wayenaye zonke izinsuku zokuphila kwakhe. Kwakuluqobo.

83 Akekho umuntu onelungelo lokukhwela epulpiti, ukuba ashumayele iVangeli, ngaphandle uma yena uqobo enyathele kuleyomihlabathi engcwele, lapho kungekho muntu ongakholelwa kuNkulunkulu noma ongakholwa engake achaze asuse okungaphezu kwemvelo kukaNkulunkulu. UJesu wayengevumele abafundi baKhe ukuba bashumayele, kungakhathaleki ukuthi babazi Yena kahle kanjani; bafanele baye emzini waseJerusalema, lapho balinde baze bagcwaliswe ngamandla avela Phezulu. Bafanele babe naleso sehlakalo.

84 UMose, ekwazi ukuthi wayengumprofethi, wayazi ukuthi wayevuselwe lenhloso, kodwa ngaphandle lwalokho kuxhumana siqu sakhe, loloQobo, into ethize eyafakazela kuye ukuthi lapho ehlele lapho, wayezoba nokukhululwa kwalaba bantu. Akabanga aphinde esafana. Wehlela lapho ngoba wayenoqobo, futhi wenza khona impela nje uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze. Kwakungekho kwesaba enhliziyweni yakhe, ngenkathi esephonse phansi izinyoka, noma izinduku, futhi zaphenduka inyoka. Nabalingisi benyama bayenyuka nohlobo lwenkonzo yabo, futhi baphonsa phansi futhi benza into efanayo. UMose wayenze khona kanye nje lokho uNkulunkulu ayemtshele ukuba akwenze. Akukho lutho kuye ukuba akwenze kodwa ame anganyakazi bese ebona inkazimulo kaNkulunkulu. Khona-ke sithola ukuthi uNkulunkulu wathatha inyoka yakhe futhi yadla zonke ezinye. Yileyondlela okwenziwa ngayo. Wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu ongamtshela ukuba enze lokhu, angamnakekela esimweni esibi.

85 Ngeke yini thina kulobubusuku, ngezisekelo zaleyonsizwa enikezela inhliziyo yayo kuKristu, sime phezu kwaloluqobo, ukuthi uNkulunkulu angenza okungenzeki kwenzeke na? Angaguqula izinhliziyo zabehlulei. Kungani sigxumagxuma

kanzima, ngezinye izinto na? Masithathe uNkulunkulu, kuqala. Buyisele emuva esithembisweni. UNkulunkulu wakwethembisa, ukuthi—ukuthi Uyokwenza.

86 Ngakho, khumbulani, uMose wayehlale engumuntu ohlukile njalo ngoba wathatha iZwi likaNkulunkulu futhi waLikholwa. Futhi wayenesithembiso esiqinisekisiwe kuye.

Bangaki esingababiza na? Asinaso isikhathi.

87 Ngokubhala inothi, namuhla, bengibhala lapha ngokuDaniyeli, ukuthi kwaba kanjani lokho. Kwakuyini, kwakuyisijeziso sokubulawa kuye ngokuba—kuba akhuleke kunoma imuphi omunye unkulunkulu. Kodwa wayekade exhumene noNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukumnakekela.

88 Abantwana bamaHeberu, babeyophonswa esithandweni somlilo futhi beyoshiswa ngokushisa, okushisa ngokuphindwe kasikhombisa kunesithando esake savuthiswa. Lowo abantwana bamaHeberu babemkholwa uNkulunkulu. Bathi, "UNkulunkulu wethu angakwazi ukusikhulula kulesi sithando." Ngani na? Babenoqobo. Babe neZwi likaNkulunkulu.

89 Futhi uNkulunkulu owayengakhulula labo bantwana bamaHeberu etilongweni lokufa lesithando somlilo, Angamkhulula kangakanani lomfana ongumJuda phandle lapha, olele ngapheshela etilongweni lokufa na? Kakhulu kangakanani Yena . . . Futhi UsenguJehova uNkulunkulu ofanayo oWayelokhu enguye. Thina, njengomphostoli uPawulu, singaqonda ukuthi uNkulunkulu ofanayo usaphila namhlanje, "Izolo, namuhla, naphakade usenguye." Khona-ke, amaKristu angabambelela esandleni sikaNkulunkulu ezingaguquki, futhi aguqule sonke isimo. Umkhuleko uguqula izinto. Yilokho esifuna ukukwenza.

90 Singasho kanjani ngoJoshuwa na? Uzoliwela kanjani iJordani na? Kubonakala sengathi uNkulunkulu wayeyindoda engavamile yezempi, khona ngqo ngenyanga ka-Ephrili, lapho amanzi ayephakeme kanjalo. Kodwa Wathi kuJoshuwa, "Thatha umkhumbi futhi uqhubekele phambili." Yilokho kuphela ayedingeka akwenze. NoNkulunkulu wabuyela emuva eJordani futhi wenza imihlabathi eyomile, futhi bawela ngaphesheya futhi wakhululwa. Kwakukanjani pho!

91 Akumangalisi uJoshuwa wathi, "Ngokuba mina nendlu yami, siyakuyikhonza iNkosi."

92 Kanjani uDavide, lowokhokho omkhulu, besingathanda kanjani ukukhuluma ngaye. Asinaso isikhathi. Kodwa, futhi izikhathi eziningi . . . Njengoba sezwa othile ekhuluma emizuzwini embalwa eyedlule ngoDavide nesono sakhe, kodwa lapho konke kwasekuxolelwe. Lapho wayeya empini, futhi siyibiza, ezweni, "Babesenkathazweni kakhulu," futhi ababebhekene nabo babebakhulu. Futhi uDavide walala

lapho ngaphansi kwesihlahla, futhi wajuluka, waze wezwa umsindo ohamba udlula ezihlahleni zamajingijolo, ngakho-ke kwakwehlukile. UDavide wasukuma futhi waqhubeka, ngoba wayenoqobo, ukuthi wayazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu eqhubeka phambi kwakhe.

93 Angeke yini sikhuleke umkhuleko wokukholwa ozothumela uNkulunkulu aqhubekele kulelo bhodi likashwele ezansi lapho na? Impela, singakwazi. Sikholwa ukuthi singakwazi, uma sizobambelela kuloloqobo.

94 "UAbrahama wazibiza kanjani izinto, ezazingekho, njengokungathi zazikhona," ngoba wayenesithembiso esiluqobo esivela kuNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wayezomnika okwakhe . . . amnike umntwana ngoSara. Futhi ngenkathi owesifazane eseneminyaka eyikhulu ubudala, noma owesilisa wayenjalo, futhi owesifazane wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, "Wayeselokhu engazange angabaze esithembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa wayeqinile, edumisa uNkulunkulu." Futhi sizibiza ngabantwana baka-Abrahama. Lapho uAbrahama . . .

95 Ngenkathi, sesibe neBhayibhelini lilotshiwe kusukela ezinsukwini zika-Abrahama, nabo bonke ofakazi esesibe nabo ngemuva, ukuthi uJehova ugcina iZwi laKhe, ukuthi uKristu uyiNdodana kaNkulunkulu. UnguMlamuleli phakathi komuntu noNkulunkulu, futhi akekho omunye umlamuleli ngaphandle kwaKhe. Futhi uyethembisa, "Uma ucela uBaba noma yini eGameni laMi, uzophiwa khona." Futhi sizibiza ngabantwana baka-Abrahama. Lapho, "U-Abrahama wabiza izinto, ezazikhona, ngokungathi zazingekho, ngoba wayemkholwa uNkulunkulu." Ngokuphelele. Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami.

Ukuphila kukaPawulu okusekeleke kuKristu kwakuluqobo lwakhe. Lwamubopha.

96 UKristu wayewuqobo lovuko, njengoba sifunda lapha. Wathi, "UNkulunkulu wafunga ngesifungo, kuDavide, ukuthi Akayikushiya umphefumulo waKhe esihogweni." Isifungo siwukuphela kwazo zonke izingxabano. "Futhi Wafunga ukuthi Akayikushiya umphefumulo waKhe esihogweni, kodwa UyoMvusa." Futhi ngakho-ke Wethembela kuNkulunkulu, futhi wabethelwa; wafa, wavuka futhi, futhi wakhuphukela eZulwini, ngoba Wamkholwa uNkulunkulu.

97 Kakhulu kangakanani, njengoba Abeka isibonelo, singakwazi yini ukuthatha uqobo! Uma uKristu engaluthatha, phezu kwesithembiso esisodwa lapho; singathatha olungakanani, ngezinkulungwane zezethembiso! NangeGazi likaJesu Kristu lapho ukuhlanza indlela yethu, futhi asiwelise ngaphesheya kwegebe elikhulu lesono elasehlukanisa, lokungakholwa, kuNkulunkulu, futhi lisiletha ngqo eBukhoneni

baKhe, ukukhuluma naYe, kungaba kukhulu kangakanani lokho! Yebo. Sifanele sibe noqobo.

98 Ngicabanga ngoyedwa khona manje, sengivala, kungaba uGeorge Washington, lapho iMelika yayisencane futhi sasilwela ukuphila, impilo yalesisizwe esikhulu esinaso. UGeorge Washington wayengumKristu. Wayeyikholwa. Futhi ezansi eValley Forge, ngitshelwa ukuthi amasosha aseMelika kuphela ayene, cishe ingxenye eyodwa kokuthathu kuwo, ayegqoke izicathulo. Futhi ubusika babubanda, nesimo sezulu esingu ziro, futhi imifula ineqhwa futhi igobhekile. NabaseBrithani ngakolunye uhlangothi. Futhi impilo yalesi sizwe esincane yayiseduze.

99 Wenzani na? WayengumKristu. Uphuma ngesikhathi sasebusuku futhi uguqa phansi eqhweni, futhi uyakhuleka kwaze kwaba wayemanzi ngeqhwa wamata kwanyukela ngasokhalweni lwakhe. Futhi wahlala lapho futhi wakhuleka waze wathola uqobo, impendulo evela kuNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wayezomnika ukunqoba.

100 Futhi ngosuku olulandelayo, iValley Forge yayingelutho kuye. Wadabula iDelaware, wafuzula eqhweni namasosha agqoke uhhavu, eyiqhwa uhhafu, izinyawo zawo ezingenazicathulo emhlabathini, eqhweni. Futhi wakuthatha, lapho izinhlamvu zezibhamu ezinkulu ezintathu zadlula ebhantshini lakhe. Ngani na? Wayethembele oqobweni lomkhuleko ophenduliwe. Amen. Zona impela izisekelo zesizwe sakithi sisekelwe phezu kwento enjalo.

101 Yini inkinga ngabantu namuhla abazibiza ngamaKristu na? Kungani siphazamiseka ehoreni elifana naleni na? Masingaphazamiseki. Masibe amasosha. Yebo, mnumzane.

102 Wakhuleka waze wafumana leyo mpendulo. Khona-ke, akukho mfula odungekile, akukho masosha ahamba ngezinyawo, kungakhathaleki ngesimo, ayengakuthatha ngoba uNkulunkulu wayesho kanjalo. Inhlamvu ayikwazanga ngisho ukumbulala, esibhanyini esikhulu sesitha. Ngokuqinisekile. Ngani na? Wayenomhlangano womkhuleko. Wathola impendulo.

103 Kwakukuhle kanjani ngobunye ubusuku, lapho umPhostoli uPetru wayesetilongweni, futhi babezombulala ngokusa okulandelayo. Wayezofa ngaphansi kwesijeziso sokubulawa, lapho lomJuda omncane ezokwenza manje. Kodwa benzani na? Benza into efanayo ukuthi thina lapha eHouston esizama ukuyenza. Bakha umhlangano womkhuleko endlini kaJohn Mark. Ngesikhathi besakhuleka, iNgelosi yeNkosi yaya ejele, yavula imiqogo yasejele, futhi yavula amasango. Futhi ngaphesheya kwalokho, yaholela uPetru phandle, futhi wehlela ngqo emhlanganweni womkhuleko.

104 Ngiyakholwa, kulobubusuku, ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo uyaphila. Uma Engesiye uNkulunkulu ofanayo, khona-ke kukhona okungalungile. Impela.

105 Kwenziwa kanjani na? Ngomhlangano womkhuleko, ngamaKristu athembekile ayekholwa, futhi akholwa ukuthi uNkulunkulu uzokhulula umfowabo ekujezisweni ngokubulawa. Bona babengamaKristu ayehlale ubusuku bonke futhi alala ngobuso bawo, futhi amemeza kakhulu futhi akhuleka.

106 Njengoba ngezwa omunye wabafundisi, isikhashana esedlule, ethi wayezokhala, ubusuku bonke gulukunqu. Inkathazo yakho, namhlanje, abantu bayayakelela. Bayakhathala, bayozela. Abakwazi ngisho nokuhlala ngisho enkonzweni eyimizuzu eyishumi, kanzima. Awu, ku—kuyinto engalungile.

107 Uma uthanda uNkulunkulu, awu, awu, sifanele sibematasa. Kufanele kube amathemba ethu—ethu, izifiso zethu. Kufanele kube njalo. Konke okukithi kufanele kube sothandweni lukaKristu. Amen. Sihlala sinwabuluka kakhulu. Sihlala singakhathalele kakhulu, lapho izwe lifa ngaphansi kwezinyawo zethu. Kunjalo. Ukuphila kwamadoda kuphuma, ngaphandle kukaNkulunkulu, futhi sihleli singakhathalele kakhulu—kakhulu ngakho. Inqobo nje uma singabebandla, yilokho kuphela esikucabanga ukuthi kwenza umehluko.

108 Ngangikhuluma ngokuFika kukaKristu, amaviki ambalwa adlule, ebandleni elithile. Futhi emva kwalokho kukhona othile owahlangana nami ngemuva kwebandla, futhi wathi, "Mfowethu Branham, wesabisa abantu bacishe bafe."

Ngathi, "Bengingakwenzelani lokho na?"

109 Wathi, "Awu, ukhuluma ngoFika kukaKristu. Angifuni ukuzwa izinto ezifana nalezo. Nginomfana omncane lapha engifanele ngimkhulise. Nginentombazane esesikoleni."

110 "O," ngathi, "ukuFika kukaKristu kuyinto enhle kakhulu engingacabanga ngayo." Impela. Niyabo?

111 IBhayibheli lathi, "Bonke labo *abathanda* ukubonakala kwaKhe." O, he, ngosuku ukuthi lapho lona omdala ofayo uzothatha ukungafi, futhi le—lendlu yezilwanyana engihlala kuyo izoguqulwa, ngomzuzwana, ngokuphazima kweso, nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo! Kufanele kube isifiso senhliziyo yeBandla. Kufanele kube yiwo wonke owesilisa nowesifazane, bevutha umlilo, eshumayela ezitaladini nasezindaweni zonke ezinye, ezama ukuthola imiphefumulo ukuba isindiswe. Impela.

112 Ngiyazibuza ukuthi ngabe sibopheleke ngempela kuloloqobo esilubizayo. Ngabe sibuka enkanyezi yokusa okuyiyona na? Uma sithembela nje ebandleni lethu nasehlelweni

lethu, ukubambisana kwethu; njengoba izwe liguquka, liguquka nalokho, nxazonke nanxazonke.

113 Kodwa kuneNkanyezi eyodwa engakaze iguquke. Kunento eyodwa engasoze yaguquka, lowo nguNkulunkulu. UNkulunkulu angeguquke. IZwi laKhe lingeguquke. IBhayibheli laKhe lingeguquke. Futhi uma umuntu ezalwa ngoMoya kaNkulunkulu, noKristu kuye, kugcizelela sonke isethembiso ngo "amen." Lokho kunjalo. Impela.

114 O, impela, umhlangano womkhuleko yilokho esikudingayo. Sifanele sibe ngamaKristu. Onke amaKristu afanele asebenzise loluqobo olufanayo, iZwi likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu lingukuhlala komKristu.

115 UJesu wathi, eZwini laKhe, "Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ekini, khona-ke ningacela enikufunayo, futhi niyokwenzelwa khona." Cabanga ngakho. Yiluphi olunye uqobo ongalufuna na? Yini ongathembela kakhulu kuyo kunento enjalo na? "Uma nihlala kiMi, AmaZwi aMi ekini, khona-ke celani enikufunayo."

116 Ukucela uNkulunkulu ukuba asebenze phezu kwenhliziyo yalowomehluleli, noma lelobhodi likashwele, futhi akhiphe lowomfo omncane kulelotilongo lokufa! Uma sikucela ngokukholwa, sikholwa, kulemihlangano yemikhuleko, sizokuthola. Lokho, ngikholwa nguNkulunkulu nje kanjalo.

117 Futhi ukholo lwami enginalo kuNkulunkulu, yingakho ngilapha kulobubusuku. Yingakho ngakhansela ngakhipha enye into, futhi ngangena lapha. Ngidingeka ngishayele amakhulu amamayela kulobubusuku, ngibuyele eTucson, eArizona, ngoba ngize ukubeka ukholo lwami nolwakho. Lowo ngumuntu. Ngumphefumulo olele ngaphesheya. Ngumuntu othile onesidingo. Futhi thina maKristu sifanele siphaphamele eqinisweni, ekukholweni koqobo kwangempela. Sikubophele eZwini likaNkulunkulu, futhi sinxuse leso sethembiso. Yebo, mnumzane. O, he! "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikufunayo."

118 Kanti futhi, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi bayakuhlangana ndawonye futhi bakhuleke, khona-ke Ngizozwa ngiseZulwini." Umhlangano womkhuleko, yilokho-ke.

119 Ngikholelwa ekukhulumeni nabameli basenkantolo nokukhuluma nabameli, noma abehluleli, noma amabhodi kashwele, nanoma yini enye. Kulungile. Kodwa, mfowethu, uma ithemba lakho lingaboshelwe entweni ethize kunamadoda enyama engqondweni, ingqondo yamadoda, njalo, ngokuqinisekile uzodumazeka ngokudabukisayo.

120 Kodwa uma ungakwazi ukubophela ukholo lwakho endaweni enjalo oyaziyo, futhi uhlale lapho futhi ukhuleke kuze kube yilapho uNkulunkulu ephendula khona, futhi uyazi ukuthi unakho enhliziywenini yakho, kukhona okuzokwenzeka.

121 Ngibone abafileyo bevuswa ekhaya labangcwabi. Ngibone a—amehlo aphuphuthekile evuleka, izindlebe eziyizithulu zivuliwe. Ngibone izigameko eziningi zabakhwelwe umdlavuza, umdlavuza i-sarcomas ongajwayelekile, ubulephero, uphulukiswa ngamandla kaNkulunkulu uMninimandla onke. Ngoba, babe nokholo ukukholwa ukuthi uNkulunkulu, Owenza isithembiso, uyokwazi ukugcina isithembiso saKhe. Lolo olwangempela, ukholo lwangoqobo ngengalolo uAbrahama ayenalo.

122 Bophela lapho. Hlala lapho futhi ukhuleke. Hhayi nje ukuwa, futhi, "Nkulunkulu, khulula umfo omncane ompofu futhi umthumelele ekhaya." Sonke singakuthanda lokho. Kodwa asihlale lapho kuze kwenzeke okuthize. O! Uma kwenzeke into ethize, khona-ke, leso siqiniseko singawa phakathi kwalelidlanzana elincane labantu abahleli kulelihholo elikhulu lapha kulobubusuku, kungahle kuwe phakathi kwethu khona lapha, ukukholwa okwanele namandla kaNkulunkulu, ukube besingakhuleka siqede, size sishaye lowomugqa wasekhaya, kuze kwehle loloqobo, leyoNsika yoMlilo efanayo eyathathwa lapha eHouston, ngekhamera kaTed Kipperman, eminyakeni eyishumi nambili eyedlule. Ilapha kulobubusuku, inkulu njengoba Yayinjalo ngaleyonkathi, ukukhulula lowomfana, uma sizokukholwa nje, ngoba Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami. Yingakho ngilapha ukuze nginikele ngomkhuleko wami kanye nani nonke ukuthi uNkulunkulu azosindisa impilo yabo.

123 Khona-ke uma ungakhuleka uqede, uze ubuyelwe yimpendulo, wabuyelwa isiqiniseko, njengoba iWashington enza, njengoba uJohn Mark enza, njengoba uDanyeli enza, njengoba uMose enza, uze uthole uqobo, into ethize owaziyo ukuthi ungagxilisa okwehange kuyo, khona-ke, "Phezu kwaloluqobo Ngizokwakha iBandla laMi," futhi zonke izinkantolo ezweni zingemelane naLokho. Kunjalo. Phezu kwaLokho!

124 Yena impela uNkulunkulu ongathatha umJuda omncane enekhala eliyihhuku njengoPawulu, ethukuthele futhi ehlela ezansi lapho ukufaka wonke amaKristu ekufeni ngaphansi kwesijeziso sokubulawa, futhi angamguqula futhi amenze umKristu othandekayo, lowoNkulunkulu ofanayo uyaphila kulobubusuku, angaguqula umthetho uye emseni, nganoma yisiphi isikhathi lapho Ethatha umqondo wokukwenza. Haleluya! Uzongibiza ngomgingqiki ongcwele, noma kanjani, ngakho-ke ngingahle futhi ngiqale kukho khona manje. Ngikholwa yilowoNkulunkulu. Amen. Yebo, mnumzane.

125 Khona-ke uMarku 11:22, ngenkathi usukhuleke waqeda. Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka.'" Lapho loloqobo selufike kuwe, lapho usugcotshwe yilowoMoya

oza ngaphezu kwakho konke ukulawula kwesayensi ngapesheya, ngaphambi kokuba kube ne-athomu noma imolekhuli, Lowo owakhuluma konke kwaba khona. Futhi uma lapho umphefumulo wakho ugxilise okwehange kulokho, akukho lutho olungakuvimba. Kunjalo. "Yisho kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushoyo kuzokwenzeka, ungabanakho okushilo." Uma lokho kungesilo uqobo ukuba ubambelele kulo! Impela, yilo. Kunjalo, uqobo.

126 Manje, isizwe sinoqobo. Ukuphila kwakho kwasekhaya kunoqobo. Kuyo yonke indawo, uma kuzozuza ngempumelelo noma yini, kuzofanele kube noqobo.

127 Siyamthakasela lommeli. Sithakasela, o, onke amanye amadoda. Lompristi okahle lapha waseCalifornia, nomyalezo omangalisayo kanje pho! No—nomfowethu owazama ukuthatha imali nayo yonke into, ukuzama ukusiza lona wesifazane ompofu, na—nabantwana bakhe, ukubakhulula. Lokho konke kukahle. Siyakuthakasela lokho, futhi ngiyakweseka.

128 Kodwa kunento eyodwa ngaphezu kwalokho, bangani, uma sesivala lomhlangano kulobubusuku. Sifanele siboshwele oqobweni, umhlangano womkhuleko ngaphambi kukaNkulunkulu, ozothumela ukukhululwa okuvela kuJehova uNkulunkulu ofanayo. Ukakhulu njengoNkulunkulu kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Haleluya! Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

129 Asime ngezinyawo zethu, khona-ke, futhi kulobubusuku sibumbe umhlangano womkhuleko lapha, kuze kuba uqobo luyenzeka. Siphakamisa izandla zethu phambi kukaNkulunkulu. Khuleka uze ushaye ekhaya, luze uqobo luwele enhliziyweni yakho.

130 Nkosi Nkulunkulu, thumela uMoya wakho oNgcwele phansi, futhi uthumele futhi ukhulule labo bantwana ngapesheya, Nkosi. Bahleli ezifundeni zethunzi lokufa. Kukhona okulungela ukwenzeka, Nkosi, futhi sikhulekela ukuthi lemihlangano yemikhuleko izovuthisa uMlilo. NgiyaKukholwa, Nkosi. Ngiyakwemukela, futhi ngikholwa ukuthi Uzobakhulula labo bantwana. Siphe khona, Nkulunkulu uMninimandla onke. Thina, iBandla laKho, siyakucela, ngoJesu Kristu. Amen.

